**CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS**

**International General Certificate of Secondary Education**

# MARK SCHEME for the October/November 2013 series

# 0531 ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

**0531/02** Paper 2 (Listening), maximum raw mark 30

This mark scheme is published as an aid to teachers and candidates, to indicate the requirements of the examination. It shows the basis on which Examiners were instructed to award marks. It does not indicate the details of the discussions that took place at an Examiners' meeting before marking began, which would have considered the acceptability of alternative answers.

Mark schemes should be read in conjunction with the question paper and the Principal Examiner Report for Teachers.

Cambridge will not enter into discussions about these mark schemes.

Cambridge is publishing the mark schemes for the October/November 2013 series for most IGCSE, GCE Advanced Level and Advanced Subsidiary Level components and some Ordinary Level components.

**Umsebenzi 1, imibuzo 1-6**

**1** Iqiniso [1]

**2** Iqiniso [1]

**3** Akusilo [1]

**4** Akusilo [1]

**5** Iqiniso [1]

**6** Akusilo [1]

**[Total: 6]**

**Umsebenzi 2, imibuzo 7-11**

**7** B [1]

**8** D [1]

**9** C [1]

**10** A [1]

**11** C [1]

**[Total: 5]**

© Cambridge International Examinations 2013

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

**IFULEGI ELILUHLAZA**

Unyaka elanikezwa ngawo okokuqala kwiNingizimu Afrika: **2001** [1]

**Amazinga amane:** 1 ukuhlanzeka kosebe lolwandle

2 ulwazi ngemvelo

3 ikhwalithi yamanzi

**4 [abavakashi] nokuphepha** [1]

Okubalulekile nga: * abavakashi

- **abantu basendaweni / abantu abahlala endaweni / abahlala eduze nosebe lolwandle.** [1]

Usizo olunikezwayo: yizindawo ezinhle zokugeza

**Izindawo ezifanele zokupaka** [1]

Ukuhlolwa kosebe lolwandle: kanye ngonyaka

**USUKU LOKUHLANZA USEBE LOLWANDLE**

Usuku: **15 kuSepthemba** [1]

Inhloso: * ukukhucululwa kukadoti

*** ukuvikela ukungcola esikhathi esizayo** [1]

Abenza umsebenzi: *Usebe lolwandle:* onogada bempilo abayishumi namavolontiya angamashumi amabili.

*Amanzi*: **[iqembu la] labatshuzi abangamashumi amathathu.** [1]

Imiklomelo:

Umklomelo wokuqala: ULindiwe ngokuthola into ehehayo kunazo zonke

Umklomelo wesibili: U-Agnes noTom ngokusindisa izilwanyana ezincane

Umklomelo wesithathu: [uMarius ngoku] **qoqa/thola izinto ezingi kunabanye** [1]

**[Total: 8]**

© Cambridge International Examinations 2013

**Umsebenzi 4, imibuzo 13-20**

**13** Cishe uhhafu wabantu abakhile kuleli zwe bangaphansi kweminyaka engamashumi amabili nanye. [1]

**14** ujwayele ukusetshenziswa kumabonakude kwezokuhwebelana/[uwayele] ukusetshenziswa lapho kudayiselwana ngemphahla ethile kumabonakude/[ujwayele] ukusetshenziswa lapho kukhangiswa
ngempahla/[ujwayele ukusetshenziswa lapho kudayiswa izinto [ezinjengempahla yokugqoka neziphuzo ezithambile] [1]

**15** Awudingi ukuthenga izinsimbi ezibizayo/impahla yokusebenza ishibhile. [1]

**16** **(a)** izinkampani zokuqopha zazingenamdlandla kuye/izinkampani zokuqopha zamphoxa/zamenzela phansi. [1]

**(b)** Wadayisa amaCD ache kwiwebsite yakhe. [1]

**17** Izethameli/izibukeli zathanda umculo wakhe omusha kunalowo wakhe omdala. [1]

**18** **(i)** Babengenamyalezo. [1]

**(ii)** Babengabahloniphi abantu besifazane. [1]

**19** **(i)** Ukukhuthaza abantu ukuba benze okuhle ezimpilweni yabo. [1]

**(ii)** Ukwenza/ukukhuthaza ukuthi abantu mabadanse. [1]

**20** Bajwayele ukudlala umculo wabo bokhoma/bajwayele ukudlala umculo wabo phambi kwabantu. [1]

**[Total: 11]**

© Cambridge International Examinations 2013

**Transcript**

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 1, imibuzo 1-6**

Lalela inkulumo kaThabisa osebenza esikhungweni sokugcina izilwane esiseThekwini.
Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi siliqiniso noma singamanga.
Uzoyizwa kabili le nkulumo.
Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona, igama lami nginguThabisa futhi ngiphethe isikhungo esigcina izilwane eThekwini. Ngingathanda ukuphawula ngezinto ezimbalwa mayelana nami bese ngikhuluma ngezinye zezilwane ezidumile ezifuywayo: amakati.
Ngiqale ukusebenza kulesi sikhungo eminyakeni emihlanu edlule. Bengijwayele ukusebenza njengomhlengikazi kwesinye sezibhedlela esisedolobheni, kodwa emva kokusebenza lapho iminyaka eyishumi nanhlanu, ngase ngikulungele ukubhekana nenselelo entsha. Nganquma ukuthi ngangifuna ukusebenza ngezilwane. Ngangingumnikazi wezilwane ezifuywayo eziningana futhi ngangilokhu ngiyikhathalele inhlalakahle yezilwane. Ngesikhathi ngiqala ukusebenza ngezilwane kulesi sikhungo ngathola ukuthi kunomehluko omncane kakhulu phakathi kwezidingo zezilwane nalezo zabantu.
Enye yezinto ezagqama kakhulu kulo msebenzi wami kwaba ngukufundisa umphakathi mayelana nokuthi zinganakekelwa kanjani izilwane. Ngiyakuthokozela ukuba nezinhlolovo komabonakude nasemisakazweni njengoba kuyindlela enhle yokufinyelela ebantwini abaningi masinyane. Umsebenzi wami omkhulu ukulekelela nokukhuluma kubantu abangazinakekeli izilwane zabo, okungabangelwa ukuswela ulwazi. Ukubajezisa akusizi ngalutho. Ukubafundisa yikona okusizayo.
Abanye babanikazi bamakati, ukwenza isibonelo, abawanaki amakati abo ngoba bacabanga ukuthi ayizilwane ezinamandla okuzenzela ezingadingi ukunakekelwa. Kodwa amakati ayadinga ukuthola ukudla okunomsoco kanye nendawo ephephile. Uma ulwazi lwabantu lukhula mayelana namakati abo, baba semathubeni angcono okwazi ukuwanakekela. Nanka amanye amasu angasiza:
Ikati ngalinye lidinga isitsha salo sokudla. Amanzi ahlanzekile kumele abe khona ngaso sonke isikhathi, kodwa ungawaniki amakati akho ubisi ngoba iningi lawo aliwaphathi kahle. Yebo amakati ayaluthokozela ubisi, kodwa lungawadalela izinkinga ngokuhamba kwesikhathi.
Amakati alala yonke indawo, nayinoma yikuliphi ikhabethe noma yikusiphi isitulo. Noma kunjalo, ayakudinga ukuzizwa ephephile. Nika ikati ngalinye indawo yalo yokulala – ingubo yokulala ekupheleni kwezitebhisi ukwenza isibonelo.
Abantwana bamakati badinga imijovo emibili kuya kwemithathu yokugoma ngonyaka. Uma amakati engagonywanga, azongenwa kalula yizifo.
Ngikhuthaza kakhulu ukuthi amakati abe nento ethile yokuzazisa emizimbeni yazo, njengebhande lasemqaleni elenzelwe amakati. Ungabophi amaribhili noma okuyintanjana emqaleni walo njengalokhu lezi zinto zingagaxela entweni ethize kudaleke ukulimala. Qiniseka ukuthi ubhale inombolo yakho yocingo ngaphakathi kwebhande lasemqaleni. Iseluleko sami sokugcina kubanikazi bamakati nezinye izilwane silula: Nakekela izilwane zakho nazo zizokunakekela.

***Izwi lowesifazane:***

**Umsebenzi 2, imibuzo 7-11**

Lalela le nhlolovo noNandi ngomdlalo wepolo.
Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, uB, uC noma uD.
Uzoyizwa kabili le nhlolovo.
Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

© Cambridge International Examinations 2013

***Izwi lowesilisa:***

Nandi, awungitshele kafushane ngepolo.

***Izwi lowesifazane:***

Kulungile, Kunamaqembu amabili anabadlali abane. Umdlali ngamunye ugibela ihhashi bese ezama ukushaya ibhola emapalini elinye iqembu ngenduku ende, Kuthi akufane kancane njengomdlalo wehokhi uhlezi emhlane wehhashi.

***Izwi lowesilisa:***

Waqala ukudlala lo mdlalo usemncane?

***Izwi lowesifazane:***

Cha, Ngangijwayele ukudlala ibhola lezinyawo nekhilikithi esikoleni. Ngenkathi ngineminyaka engu-16, ngahamba nomngane wami uMarinette ukuyobheka amahhashi ekilabhini yamahhashi yasendaweni. Kwenye inkathi wayengivumela ukuba ngigibele ihhashi lakhe. Yilapho engabona okokuqala kudlalwa umdlalo wepolo.

***Izwi lowesilisa:***

Ngiyacabanga nje ukuthi umdlalo wepolo kwakunzima ukuwufunda!

***Izwi lowesifazane:***

Ngase ngikwazi kahle ukugibela ihhashi, ngalokho kwakungesiyo inkinga ukufunda. Engakuthola kunzinyana wukudlala ibhola ngenduku isesandleni sakho sokudla-kanti mina ngisebenzisa isandla sobunxele. Ngenhlanhla yami ngingumuntu onomzimba onezinyama eziqinile, okwenze kwaba lula ukuba ngifunde.

***Izwi lowesilisa:***

Usanda kuba ngumdlali okhokhelwayo…

***Izwi lowesifazane:***

Yebo, abangani bami abaseqenjini lokuqala ekilabhini yami yaseNingizimu Afrika bathe kumele ngizame ukuba ngumdlali okhokhelwayo ekilabhini yaseNgilandi. Ukubonisa abaqeqeshi ukuthi ngangikuzwa ngaphakathi lokhu ngacela abaqeqeshi ekilabhini yepolo khona lapho ukuba bangiphe umsebenzi wokuhlanza izitebele. Kwakuhluke kakhulu kunempilo enomfonomfo engangiyiphila ekilabhini yami eNingizimu Afrika! Kodwa yilapho okwaqala konke khona.

***Izwi lowesilisa:***

Ngakube abazali bakho babekukhuthaza bekupha isibindi?

***Izwi lowesifazane:***
Ngenkathi ngibatshela ukuthi ngangifuna ukuba ngumdlali okhokhelwayo, bakhombisa ukukhathazeka ngomsebenzi wami. Babefuna ngifundele ubudokotela, bazama ukungikhipha kulowo mqondo ngomdlalo wepolo. Ngaphandle kokudlala ipolo, ngifunda ngasese izifundo zeZiqu zezaMabhizinisi. Ngicabanga ukuthi abazali bami bahlonipha ukuthi ngase ngimdala ngokwanele ukuthatha izinqumo ngami nokuthi ngenze isiqiniseko sokuthi ngizoba nomsebenzi emva kokuyeka ukudlala.

© Cambridge International Examinations 2013

***Izwi lowesilisa:***

Ngiye ngizwe kuthiwa umdlalo wepolo uyabiza kakhulu ngentengo.

***Izwi lowesifazane:***

Kuliqiniso, umdlalo wepolo uvame ukubizwa ngokuthi ngumdlalo wamakhosi. Abanye abantu bawudlalela ukuveza ukunotha kwabo, kodwa mina ngiyazithandela nje lo mdlalo.

***Izwi lowesilisa:***

Ake ungichazele ngokusiza kwakho kwabadingayo.

***Izwi lowesifazane:***

Angithandi abantu bacabange ukuthi abanikazi bamahhashi abacebile kuphela abangadlala lo mdlalo. Ngingowokuqala wesifazane waseNingizimu Afrika ukuba ngumdlali okhokhelwayo, futhi ngifuna nabanye bangilandele kulokhu. Engikwenzayo ukusiza kubizwa nge'Polo for All' eyasungulelwa ukufaka abantwana kulo mdlalo. Kwesinye isikhathi ngiye ngibe novalo kancane ngoba angifuni ukuphoxa abantu.

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

Lalela le nhlolovo elandelayo noBheka mayelana nokugcinwa kosebe lolwandle nolwandle kuhlanzekile, bese ugcwalisa amanothi angezansi.
Uzoyizwa kabili le nhlolovo.
Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona Bheka, ngiyezwa ukuthi awusindisi kuphela ababhukudi osebeni lolwandle lwasendaweni kuphela, kodwa uphinde usindise ngisho imvelo!

***Izwi lowesilisa:***

Kuliqiniso lokho, usebe lwethu lolwandle luyi'Green Flag Beach', iFulegi eliluhlaza nawe uyabona.

***Izwi lowesifazane:***

Yini iGreen Flag?

***Izwi lowesilisa:***

Yisitifiketi esinikezwa amabhishi womhlaba wonke. Ifulegi lokuqala eliluhlaza lanikezwa ebhishi yaseNingizimu Afrika ngo 2001. Leli bhishi engisebenza kulo lathola leli Fulegi Eliluhlaza ngo 2007.

***Izwi lowesifazane:***

Kahle kahle kuchaza ukuthini uma ibhishi lakho linikezwe leli Fulegi Eliluhlaza?

***Izwi lowesilisa:***

Ibhishi kumele lihlangabezane nezidingo ezine zamazinga abalulekile. Izinga lokuqala kumele kube ukuhlanzeka. Ibhishi kumele lihlale lihlanzekile ngazo zonke izikhathi. Okwesibili kumayelana nokunikeza ulwazi olwanele lwemvelo kubavakashi nabantu abasebenza kulelo bhishi. Izinga lesithathu lixhumene nezinga lamanzi kanti okwesine kumayelana nokuphepha kwabavakashi.

***Izwi lowesifazane:***

Kubaluleke ngani ukuba ibhishi lithole iFulegi Eliluhlaza?

***Izwi lowesilisa:***

Kubalulekile kubantu abangamaqembu amabili ahlukene: Iqembu lokuqala yilelo labavakashi abahambela izindawo. IFulegi eliluhlaza liyabaheha abavakashi abaqhamuka emazweni angaphandle ngoba lokhu kubanika isiqiniseko sokuthi ibhishi lisezingeni eliphezulu. Kanti futhi libalulekile kubantu abahlala emphakathini, ngoba balisebenzisa unyaka wonke.

***Izwi lowesifazane:***

IFulegi Eliluhlaza aliphathelene nemvelo kuphela?

***Izwi lowesilisa:***

Cha, liphathelene nakho konke okwenzeka ebhishi. Kunezidingo ezimbili okumele sizinike abavakashi bethu, njengokuthi, ngakube zikhona izindawo ezifanelekile zokugeza kanjalo nezindawo zokupaka ezifanelekile.

***Izwi lowesifazane:***

Ngakube ibhishi lihlolwa kangaki?

***Izwi lowesilisa:***

IFulegi eliluhlaza linikezwa kanye kuphela ngonyaka. Abahloli bamabhishi beza njalo ngoMashi ebhishi lethu. Uma izinga lezimo zebhishi, selehlile singaphucwa iFulegi Eliluhlaza.

***Izwi lowesifazane:***

Ngizwe kuthiwa ububambe iqhaza osukwini olukhethekile lokuhlanza ibhishi
kungekudala…

***Izwi lowesilisa:***

Yebo, abantu bahlangana ngomhlaka 15 kuSepthemba ukuzohlanza ukungcola kwezibi okusebhishi nasolwandle. Ngaphandle kokuhlanza, siphinde sibhale amarekhodi mayelana nolwazi olumayelana nohlobo lokungcola esilutholile lapho sihlanza. Lolu lwazi luyasisiza ekutholeni ukuthi sazi ukuthi zinto zini ezenziwayo ezenza lokhu kungcola. Inhloso akusikhona ukuhlanza udoti nokungcola kuphela, kodwa nokuvikela ukungcola okungenzeka esikhathini esizayo.

***Izwi lowesifazane:***

Ngubani owenza ini?

© Cambridge International Examinations 2013

***Izwi lowesilisa:***

Ngonogada bempilo abayishumi nabazinikelayo abavela emphakathini abangamashumi amabili abezayo ukuzohlanza ibhishi ngenkathi iqembu labantu abangamashumi amathathu babatshuzi bechitha usuku lonke bekhipha udoti omningi abangawuthola olwandle. Sithole uxhaso lwezimali kubantu bamabhizinisi abaningana basemphakathini. Besingeke sikwazi ukukwenza lokhu ngaphandle kosizo lwabo.

***Izwi lowesifazane:***

Zinto zini enizitholile?

***Izwi lowesilisa:***

Izinto eziningi ezihehayo, izinto ezinjengomakhalekhukhwini, amathayi ezimoto ngisho namalaptop imbala. Ekupheleni kosuku kwaba nomcimbi wokuklonyeliswa onemiklomelo emithathu. Umklomelo wokuqala kwaba owento eheha kakhulu ukuzedlula zonke ezitholiwe, owazuzwa nguLindiwe ngokuthola ibhayibheli eligcineke kahle lesiNgisi. Umngane wami u-Agnes noTom bona bazuza umklomelo wesibili ngokusindisa izilwanyana ezincanyana ezitholakale zibhajwe kuwo udoti. UMarius yena wazuza umklomelo wesithathu ngokuqoqa izinto eziningi kunabanye.

***Izwi lowesifazane:***

Kuzwakala sengathi nikuthokozele kakhulu obekwenzeka.

***Izwi lowesilisa:***

Kumnandi uma nithokozela ukwenza okuthile okuhle nihlangene ndawonye ngokubambisana. Ubuningi bukadoti esiwuqoqile kukhombise izinga lokuzinikela kwawo wonke umuntu obekhona.

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 4, imibuzo 13-20**

Lalela le nhlolovo nomculi wekwayito uLwazi bese uphendula imibuzo engezansi.

Uzoyizwa kabili le nhlolovo.
Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona, Lwazi. Umculo weKwayito uhlobo lomculo owaqala eGoli eminyakeni yo 1990. Kweza kanjani ukuba udume lo mculo, Lwazi?

***Izwi lowesilisa:***

IKwayito ingumphumela wosikompilo lwabantu abasha. Usikompilo lwabantu
abasha lunomthelela onamandla empilweni kuleli zwe ngenxa yokuthi cishe ingxenye yabantu baseNingizimu Afrika ngabantu abasha abaseminyakeni engaphansi kwengamashumi amabili nanye.

***Izwi lowesifazane:***

Ubona umculo omningi wekwayito udlalwa kumabonakude…

© Cambridge International Examinations 2013

***Izwi lowesilisa:***

Impela, impumelelo yekwayito ibonakala ngokusobala ngokuthi isetshenziswa kakhulu kwezokukhangisa ngempahla ngenhloso yokudayisa izimpahla ezahlukene, kusukela ezimpahleni zokugqoka kuya eziphuzweni ezithambile.

***Izwi lowesifazane:***

Waqala nini ukukhiqiza umculo wekwayito ngokwakho?

***Izwi lowesilisa:***

Ngaqala ngineminyaka eyishumi nanhlanu. Ngangilokhu ngiwuthanda umculo, kodwa isikole sethu esiselokishini sasingakwazi ukulekelela ngezimali izifundo zomculo. Kodwa lokhu kwakungasho lutho olungakho ngoba ukwenza umculo wekwayito kwenzeka kalula kubantu abaqhamuka emiphakathini ehluphekayo. Awudingi ukuthenga izinsimbi ezibizayo zokwenza umculo uyabona. Izinsimbi ozidingayo zishibhile kakhulu.

***Izwi lowesifazane:***

Wake wathi ukusokola ukuthola abalaleli nababukeli bomculo wakho?

***Izwi lowesilisa:***

Ngasokola ekuqaleni. Izinkampani zokuqopha zazingenamdlandla futhi zonke azingamukelanga. Akungithathanga isikhathi eside nokho ukuthola isixazululo. Nganquma ukudayisa amaCD ngisebenzisa iwebsite yami. Angikwazanga ukukhohlwa kalula nje iphupho lami. Enye yeziteshi zemisakazo eseGoli yaqala ukudlala amaculo ami futhi yilapho engaqala khona ukuphumelela.

***Izwi lowesifazane:***

Ngizwile ukuthi wenze ikhonsathi lamahhala eSoweto izolo ebusuku?

***Izwi lowesilisa:***

Yebo, Bengifuna ukuzama amaculo ami amasha. Ngikuthokozele kakhulu ngoba bekunabantu abaningi. Ngimangazwe wukuthi bawathandile amaculo ami amasha kangcono kunalawo ami amadala. Ngokujwayelekile, izixuku azithokozi uma uzidlalela umculo ezingakaze ziwuzwe ngaphambilini, kodwa kulokhu bekwehlukile impela.

***Izwi lowesifazane:***

Ucabangani ngomculo omunye wekwayito?

***Izwi lowesilisa:***

Kunenqwaba yabaculi bekwayito lapha ngaphandle,kodwa angibathandi bonke. Abanye babo abanawo umyalezo emaculweni abo. Ngokwami, umculo wekwayito umayelana nomama ozabalazayo ukukhulisa abantwana ngokwakhe ngaphandle kosizo, nezinkinga zemihla ngemihla. Okunye futhi engikugxekayo ngabanye babaculi ukuthi abanayo inhlonipho kubantu besifazane. Abaculi bekwayito kumele babuze ngezinkinga zasekuhlaleni abazibonayo futhi ezibazungezile emigwaqweni nasezindaweni abakhelene nazo.

© Cambridge International Examinations 2013

***Izwi lowesifazane:***

Yikuphi ofuna ukukuzuza ngalo mculo wakho?

***Izwi lowesilisa:***

Inhloso yami yokuqala ukukhuthaza abantu ukwenza okuthile okuhle ngezimpilo zabo, bangahlali emakhoneni ezitaladi, belinde ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Kodwa enye yezinhloso zami ebalulekile kungaba ukwenza abantu badansele lo mculo.

***Izwi lowesifazane***

Okokugcina, Lwazi, yisiphi iseluleko ongasinika abaculi abangaphandle abafuna ukulandela ezinyathelweni zakho?

***Izwi lowesilisa***

Ngiyazama ukuthi ngingatsheli abaculi abasebancane lokho okumele bakwenze ngoba ngicabanga ukuthi kubalulekile ukuthi bazitholele ngokwabo indlela yokuqhubeka nomculo wabo. Kodwa kukhona okukodwa engingakukhuthaza, ukuthi baziqeqeshe ekudlaleni umculo wabo phambi kwababukeli uma ithuba livela. Sengizwe kakhulu ngamaculo aqhamuka kubaculi abasafufusa ngaphandle ozwakala umnandi kumaCD nakuma mp3 kodwa ongemnandi uma uwulalele bukhoma.

***Izwi lowesilisa:***

Uzoyizwa okwesibili le nhlolovo.

***Izwi lowesilisa:***

Kuphela lapha ukuhlolwa.

© Cambridge International Examinations 2013